



EMSEBENZINI NONKULUNKULU

Imihlahlandlela eyishumi
(10) eseBhayibhelini
ephathelene nomsebenzi
wethu

Isingeniso

IBhayibheli labhalwa ngolunye usuku nangenye inkathi, kodwa likhuluma ngokucacile mayelana nezinto eziningi ezisithintayo kuze kube nanamhlanje kufaka nezindawo esisebenza kuzo. Likhuluma nabaqashi kanye nabasebenzi ngokufanayo, kulabo abaphethe noma kulabo abasebenza lapha emazingeni aphantsi. Likhuluma nalowo ongasebenzi kanjalo nalowo osebenzayo oholo umholo omfanele.

Uma ufunda le ncwajana uzomangala ukuthola ukuthi la mavesi avela eBhayibhelini afaneleke kanjani namhlanje. Wafunde, uwasebenzise esimeni sakho sase msebenzini bese uthola ukuthi ungawujabulela umsebenzi wakho kanye nezibusiso zeNkosi emsebenzini wempilo yakho.

Lisitshelani iBhayibheli mayelana nendawo yokusebenza?

EBhayibhelini umsebenzi wawubonakala njengesibusiso kusukela ekuqaleni. Siyafunda kuGenesisi ukuthi uNkulunkulu wawujabulela kakhulu umsebenzi wakhe wokudala nokugcina umhlaba. Kuzozonke izigaba zendalo, sifunda ukuthi:

UNkulunkulu wakubona ukuthi kuhle.

IGenesi 1:10b,12b,18b,21b

Ukusebenza ngeNdalo kaNkulunkulu

Ngenkathi uNkulunkulu edala abantu besilisa nabantu besifazane wababusisa wababeka ukuba bengamele konke lokho ayekudalile. Wayefuna ukuba basebenze ngokuthobeka nangesibusiso sakhe. Okungaphezulu kwalokho, babenikwe incazelo ecacile kakhulu mayelana nomsebenzi wabo.

UNkulunkulu wamdala umuntu waba ngumfanekiso wakhe, wamenza ukuba afuze Yena, wabadala owesilisa nowesifazane, wababusisa, wathi: "Zalanani nande, nigcwalise umhlaba; niwubuse. Nibuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, naphezu kwezinyoni zezulu, nazo zonke izilwane ezinwabuzela emhlabeni."

IGenesi 1:27-28

USimakade uNkulunkulu wabeka umuntu ensimini yase-Edeni ukuze ayilime, futhi ayilinde. USimakade uNkulunkulu wamyala umuntu wathi: "Ungazidla izithelo zanoma yimuphi umuthi osensimini, kodwa ungadli kwezomuthi wokwazi ukwehlukana okuhle nokubi, ngokuba mhla wadla kuwo, uyokufa nokufa."

IGenesi 2:15-17

Nokho-ke, ngenkathi indoda yokuqala nenkosikazi bengasamlaleli uNkulunkulu, umsebenzi waba yisijeziso. UNkulunkulu watshela u-Adamu no-Eva ukuthi bayosebenza kanzima impilo yabo yonke ukuze baphile.

Endodeni wathi:

"Ngenxa yokuba ulalele umkakho, wadla isithelo engikudonse ngendlebe ngathi ungasidli, ngalokho umhlabathi usuqalekisiwe ngenxa yakho. Uyokhandleka ukuze uthole ukudla kuwo, izinsuku zonke zokuphila kwakho. Umhlabathi uyokuvezela ameva namakhakhasi, uphile ngokudla okuvela kuwo. Uyokujulukela ukudla oyokudla, uze ubuyele emhlabathini owathathwa kuwo, njengoba uwuthuli, uyobuyela othulini."

IGenesi 3:17-19

Noma kunjalo umuntu uyawujabulela umsebenzi wakhe njengesipho esivela kuNkulunkulu:

Akukho okungcono okungenziwa ngumuntu ngaphandle kokuthi adle, aphuze, aneliseke ngomsebenzi wakhe. Nalokho futhi ngakubona ukuthi kuvela esandleni sikaNkulunkulu, ngokuba ngaphandle kwakhe, ngubani ongadla noma athokoze na?

UMshumayeli 2:24-25

Wonke umuntu uNkulunkulu amuphe umcebo, nempahla, namandla, makakuthokozele, asamukele isipho sakhe, ajabule ngomshikashika wakhe; lokhu kuyisipho asiphiwe nguNkulunkulu. Akayukuzikhumbula kakhulu izinsuku zokuphila kwakhe, ngokuba uNkulunkulu uhlala emgcwalise ngenjabulo enhliziyweni yakhe.

UMshumayeli 5:19-20

"Uyakudla usuthe, umbonge uSimakade uNkulunkulu wakho ngezwe elihle akunike lona."

IDutheronomi 8:10

"Kodwa funani kuqala umbuso wakhe nokulunga kwakhe, yikhona konke lokhu kuyakwenezelwa kinina."

NgokukaMathewu 6:33

Nansi imihlahlandlela eyi-10 ezokusiza ukuba wenze umsebenzi wakho ngendlela emthokozisayo uNkulunkulu futhi nekuqinisekiso ngesibusiso sakhe:

1 Thembela kuNkulunkulu

Sivamise ukuzwa isisho esithi amadoda namakhosikazi “okokuzenzela” esichaza labo abaziqhenya ngamathalente abo namakhono ezindaweni zabo zokusebenza. IBhayibheli liyasifundisa ukuthi akukho lutho esingaluthola ngaphandle kokusizwa uNkulunkulu. Siyexwayiswa ukuba simelane nokuhlela sengathi silawula ngokuphelele ikusasa futhi simelane nokuqhosha kanye nokunconywa ngokuphumelela esikutholileyo.

“Uze uthi enhliziyweni yakho: ‘Amandla ami nezikhwepha zesandla sami kungizuzele yonke le mfuyo.’

“Kepha uyomkhumbula uSimakade uNkulunkulu wakho, ngokuba nguyeye okupha amandla okuzuzwa imfuyo ukuba amise isivumelwano sakhe afunga ngaso kokhokho bakho, njenganamuhla.”

_____ IDutheronomi 8:17-18

Wozani manje nina enithi: “Namuhla noma ngomuso sizakuya kulo muzi noma kulowaya, sihlale khona kuze kuphele unyaka, sihwebelane, sithole inzuzo.”

Kepha anilazi ikusasa ukuthi liniphatheleni nokuthi impilo yenu iyakuba yini na? Ngokuba niyinkungu ebonakala isikhashana bese iyanyamalala. Empeleni ngabe nithi: “Uma iNkosi ithanda, siyakuphila, senze lokhu nalokhuya.”

Kepha manje niyazigabisa nina; konke ukuzigabisa okunjalo kubi. Ngakho-ke lowo okwaziyo okuhle okumele akwenze, kodwa angakwenzi, wenza isono.

_____ EkaJakobe 4:13-17

Gingqela imisebenzi yakho kuSimakade, ukuze amasu akho aphumelele.

_____ IZaga 16:3

2 Sebenza kanzima

IBhayibheli lifundisa ukuthi labo abasebenza kanzima bahlakaniphile futhi bavuna izithelo zokusebenza kwabo ngenkathi labo abavilaphayo bayiziphukuphuku futhi abapheleli ndawo. Kubalulekile ukuhlinzekela izidingo zansukuzonke ngokwenza umsebenzi wosuku ngokwethembeka.

Yana entuthwaneni, vilandini, ubone izindlela zayo, uhlakaniphe; yona ethi ingenamholi, nambonisi, nambusi, nokho ilungise ehlobo isinkwa sayo, ibuthe ukudla kwayo ngesikhathi sokuvuna. Uyakulala kuze kube nini, vilandini? Uyakuvuka nini ebuthongweni bakho na?

_____ IZaga 6:6-9

Isicabha siphenduka ngezingibe zaso, nevila ecansini lalo.

Ivila liyasifihla isandla salo esitsheni; alisibuyiseli emlonyeni walo.

_____ IZaga 26:14-15

Abantu bakithi mabakukhuthalele ukwenza imisebenzi emihle ukuba basize lapho kuswelekile, ukuze bangabi ngabangenazithelo.

_____ KuThithu 3:14

Kepha bazalwane, siyaniyala egameni leNkosi yethu uJesu Khristu ukuba nibagweme abazalwane abangamavila, abangawulandeli umyalo enawemukela kithi. Ngokuba nina luqobo niyazi ukuthi kubaluleke kanjani ukuba nisilingise, ngokuba asizange sibe ngabavilaphayo lapho sinani. Asidlanga sinkwa samuntu ngesihle, kodwa sazikhandla, sisebenza kanzima ubusuku nemini, ukuba singabi mthwalo kumuntu, hhayi ngoba sasingenalo ilungelo lalokho, kodwa ukuze sibe yisibonelo kini sokuba nani nisilingise. Ngokuba nangesikhathi sisenani, saniyala ngalokhu, sathi: “Uma umuntu engathandi ukusebenza, makangadli.”

Ngokuba siyezwa ukuthi abanye benu bangamavila, behla benyuka bengenzi nolunci, kodwa bezigaxa ezindabeni zabanye. Kulabo abanjalo, siyabayala, futhi siyabakhuthaza eNkosini uJesu Khristu ukuba basebenze ngokuthula, badle esabo isinkwa. Kepha nina bazalwane, ningadinwa ngokwenza okuhle.

_____ 2 KwabaseThesalonikha 3:6-13

Kodwa uma umuntu engabondli abakubo, ikakhulu abomndeni wakhe, ukulahlile ukukholwa, mubi ukwedlula nongakholwa.

_____ 1 KuThimothewu 5:8

3 Thembeka

IBhayibheli lisho okuthile mayelana nezinkinga eziningi okubhekanwa nazo emsebenzini namhlanje.

Ukweba nokuqamba amanga

Ukweba kuyinkinga enkulu ebhizinisini namhlanje, ngisho noma ngabe ukuthatha izinto ezincane ukuze uzisebenzisele wena, noma ukukhwabanisela inkampani ngokukhwabanisa izamba ezinkulu zemali. Kufanele simbonge uNkulunkulu ngokwethembeka ngokuphelele kukho konke esikwenzayo nesikushoyo emsebenzini. Izwi lika Nkulunkulu eMithethweni Eyishumi eThestamenteni Elisha lisekwayisa ngokucacile ngokuba singebi.

“Ungebi.”

_____ I-Eksodusi 20:15; IDutheronomi 5:19

“ ‘Aniyukweba, aniyukuphathana ngobuqili, aniyukuqambelana amanga.’ ”

_____ ILevithikhusi 19:11

Abamdeleli yini oyisela uma entshontsha ukuze azisuthise lapho elambile na? Uma ebhadanyiwe, bamhlawulisa ngokuphindwe kasikhombisa, akhokhe ngayo yonke impahla yomuzi wakhe.

_____ IZaga 6:30-31

Yayisithi kimi: “Lesi yisiqalekiso esizokwehlela phezu komhlaba wonke, ngokuba ngokusho kwaso kulolu hlangothi bonke abantshotshayo bayakudingiswa, bese kuthi ngakolunye uhlangothi lwaso luthi bonke abafunga amanga bayakudingiswa. ‘Ngiyakusithumela, singene endlini yesela nasendlini yofunga amanga ngegama lami. Siyakuhlala phakathi endlini yakhe, siyishabalalise nezingodo zayo namatshe ayo.’ ”

_____ UZakhariya 5:3-4

“Ngiyakusondela kini ukuzokwehlulela. Ngiyakushesha ngifakaze ngimelane nabalumbi, iziphingi, abafunga amanga, nababamba umholo womqashwa ngokungafanele, bacindezele abafelokazi nezintandane, babaphathe kabi abafokazi, futhi nami bangangesabi,” kusho uSimakade Wamabandla.

_____ UMalakhi 3:5

Owebayo makangabe eseba, kepha kunalokho makakhuthale asebenze okuhle ngezandla zakhe, ukuze abe notho alwabela ontulayo.

_____ Kwabase-Efesu 4:28

Ngokunjalo ziyale izinceku ukuba zibathobele ezibasebenzelayo, zibathokozise kukho konke, zingaqagulisani nabo, zingantshontshi, zikhombise konke ukukholwa okuhle, ukuze ivunuliswe ngobuhle imfundiso kaNkulunkulu uMsindisi wethu ezintweni zonke.

_____ KuThithu 2:9-10

Ukugwazela nenkohlakalo

Ukugwazela nenkohlakalo sekwandile ezindaweni zokusebenza. IBhayibheli lifundisa ngokuthi ukugwazela akulungile futhi kuzokuholela ekuweni kwakho.

Abantu abaningi bakholelwa ukuthi:

Ukufumbathisa kunjengetshe elinqabileyo emehlweni alowo okwenzayo, noma ebhekaphi uyaphumelela.

_____ IZaga 17:8

Nokho-ke:

Othola inzuzo ngokungafanele uhlupha umndenani wakhe, kepha ozonda ukufunjathiswa uyophila.

_____ IZaga 15:27

Owenza isifungo asigcine, noma isimo singamvumeli; ongatshelakisi ngemali ukuba athole inzuzo, nongadizelwa ukuze alahle ngecala omsulwa.

_____ AMahubo 15:4b-5

Ukwenzelela akukuhle, kepha ngocezwana nje lwesinkwa umuntu angenza okubi.

Umuntu onomona uyashesha ukuceba, kodwa akazi ukuthi ubuphofu buyakufika kuye.

_____ IZaga 28:21-22

Impela ukucindezelwa kwenza ohlakaniphile isiwula, ukufunjathiswa kuyayilutha inhliziyu.

_____ UMshumayeli 7:7

Ukukhwabanisa nokukhohlisa

Kuvamise ukuba sizwe ngabantu abakhokhisa imali ngemisebenzi abangazange bayenze noma ngezimpahla abangazange bazisabalalise.

Ngezikhathi eziseBhayibhelini, izikali, izisindo kanye nokokulinganisa kwakuyizinto ezibalulekile ekunqumeni amanani ezimpahla. Yilokhu okwaveza isidingo sezisindo ezizokwethenjwa kanye nokuhweba ngokwethembeka. Kuze kube manje, sivamise ukuzwa ngamabhizinisi akhokhisa amanani ngezimpahla ezingazange zihanjiswa noma akhokhise amanani angelona iqiniso kwabahluphekayo.

“Makungabi bikho esikhwameni sakho izisindo ezehlukeneyo, esikhulu nesincane. Makungabi bikho endlini yakho izilinganiso ezehlukeneyo, esikhulu nesincane. Uyokuba nesikali sesisindo esiyisona nesifaneleyo, futhi ube nesilinganiso seqiniso nesifaneleyo, ukuze izinsuku zakho zibe zinde ezweni uSimakade uNkulunkulu wakho akunika lona. Ngokuba bonke abenza kanjalo, bonke abenza ukungalingi, bayisinengiso kuSimakade uNkulunkulu wakho.”

_____ IDutheronomi 25:13-16

Isilinganiso esikhohlisayo siyisinengiso kuSimakade, kepha isisindo esiyiso siyintokozi kuye.

_____ IZaga 11:1

Isikhohlakali sizuzwa ngokukhohlisa, kepha ohlwanyela ukulunga unomvuzo weqiniso.

Ogxilile ekulungeni uyakuphila, kepha olandela okubi kuyakuba ngukufa kuye.

_____ IZaga 11:18-19

“Aniyukwenza ukungalingi lapho nehlulela, nasekulinganiseni isisindo nomthamo. Niyakuba nezilinganiso zeqiniso, nezisindo zeqiniso, ne-efa leqiniso, nehini leqiniso; nginguSimakade uNkulunkulu wenu owanikhipha eGibhithe.

“Niyozigcina zonke izimiso zami, nizenze zonke izehlulelo zami; nginguSimakade.”

_____ ILevithikhusi 19:35-37

Yizwani lokhu nina eninyathela abantulayo, niqede nya abasweleyo bezwe, nithi:

“Kuyakudlula nini ukwethwesa kwenyanga ukuze sithengise ngokusanhlamvu, kudlule nesabatha ukuze sithengise ngokolo na? Senze i-efa libe lincane, neshekeli libe likhulu, senze nezilinganiso zenkohliso, ukuba kuthengwe abampofu ngesiliva nabantulayo ngezimbadada, sithengise nangomuhu wokusanhlamvu.”

USimakade uzifunge Yena ngenxa yokuziqhenya kukaJakobe, wathi: “Impela angiyukuzikhohlwa nanini izenzo zabo.”

_____ U-Amose 8:4-7

Iphimbo likaSimakade limemeza umuzi. Igama lakho liyakubona impumelelo. Lalela sizwe kanye nalowo osiqokileyo. Ngabe kusekhona ingcebo embi endlini yezikhohlakali, ne-efa elincane eliqalekisiweyo na? Ngingathalalisa yini ngezikali zokuqola nesaka lesisindo sobuqili na? Labo abacebileyo bakhona banobudlova obedlulele, nezakhamuzi zakhona zihubhuza amanga, nolimi lwenkohliso lusemlonyeni wazo. Ngakho-ke Mina ngiyakukugulisa ngokukushaya, ngikwenze incithakalo ngenxa yezono zakho. Uyakudla, kodwa ungasuthi, uyakubhekana nendlala, uthathe kodwa ungakulethi endaweni ephephileyo, noma yini oyiletha endaweni evikelekile, ngiyakuyinikela enkembeni.”

_____ UMikha 6:9-14

4 Yeneliswa

Enye yemigibe ongawela kuyo ukuziqhathanisa nalabo abangcono kunawe. Ngenxa yalokho-ke, uzithola ungenelisiwe bese njalo ufuna okungaphezulu. Kungekudala uzoba yisigqila somhobholo uzithole ungasaneliswa yilutho. IBhayibheli liyasexwayisa ukuba simelane nomona:

“Ungayifisi indlu yomakhelwane wakho; ungamfisi umfazi womakhelwane wakho, inceku yakhe, incekekazi yakhe, inkabi yakhe, imbongolo yakhe, noma yini kamakhelwane wakho.”

_____ I-Eksodusi 20:17

Zimbili izinto engzicela kuwe ngingakafi; ungangincishi zona. Dedisela kude nami okuyize namanga, unganginiki ubuphofu noma ingcebo, kepha ngiphe isinkwa esinganeleyo, funa ngisuthe, bese ngikuphika, ngithi: ‘USimakade ungubani na?’ funa ngibe mpofu, ngebe, ngilihlambalaze igama likaNkulunkulu wami.”

_____ IZaga 30:7-9

Abathi ukuzenzela inzuzo kungubuNkulunkulu.

Yebo, ukumesaba uNkulunkulu nokwaneliswa kuyinzuzo enkulu, ngokuba asilethanga lutho emhlabeni, kusobala futhi ukuthi asiyukumuka nalutho. Kepha masaneliswe uma sinokudla nokokwembatha. Kodwa labo abathanda ukuceba, bawela esilingweni, ogibeni, nasezinkanukweni zobuwula eziningi ezilimazayo, ezikhalakathisela abantu ekufeni nasekubhujisweni, ngokuba ukuthanda imali kuyimpande yabo bonke ububi. Abanye ngokuyifisa kwabo bahlubuka ekukholweni, bazigwaza ngeminjunju eminingi.

_____ 1 KuThimothewu 6:5b-10

Ngokuba konke okusezweni; inkanuko yemvelo yomuntu, inkanuko yamehlo, ukuzigabisa ngalokhu kuphila, akuveli kuYise, kodwa ezweni. Izwe liyadlula nenkanuko yalo. Kepha owenza intando kaNkulunkulu uhlala kuze kube phakade.

_____ 1 KaJohane 2:16-17

Maningaphili ngokuthanda imali, yaneliswani ngeninakho, ngokuba Yena ushilo wathi: “Angisoze ngakulahla, futhi angisoze ngakushiya,” ukuze sisho ngesibindi, sithi:

“INKosi ingumsizi wami, angiyukwesaba; umuntu angangenzani na?”

_____ KumaHebheru 13:5-6

Kodwa mina mina ngifundile ukweneliswa noma ezimeni ezinjani.

_____ KwabaseFiliphi 4:11b

5 Khuthaza ubudlelwane obuhle

Kuyaziwa ukuthi abasebenzi benkampani bayinto ebaluleke kakhulu. Ngakho-ke ubudlelwane obuhle kubasebenzi kubaluleke kakhulu ekwenzeni inhlango ezinzile nenenzuzo. Imibhikisho yabasebenzi kanye nabasebenzi abangagqugquzelekile kuyizindleko eziyizigidi emnothweni njalo ngonyaka.

Ubudlelwane obuhle kubasebenzi kuhambisana nokwethembana nhlangothi zombili ngokuqonda ukuthi abaqashi kanjalo nabasebenzi (isikhulu nesigqila ngezikhathi zaseBhayibhelini), bangaphansi kolawulo lweNkosi. Ilindele ukuba abasebenzi bathembeke njalo emsebenzini wosuku futhi bakhokhelwe amaholo ngokwethembeka.

"Awuyukumcindezela umakhelwane wakho, awuyukumphanga. Awuyukugodla inkokhelo yesisebenzi esiqashiweyo kuze kube ngakusasa."
I-Levithikhusi 19:13

"Awuyukuyicindezela inceku eqashiweyo, empofu nentulayo, noma ngabe ingumfowene noma ingumfokazi osezweni lakini emzini wakho. Uyoyikhokhela imali yayo ngosuku lwayo, lingaze lishone ilanga ungakwenzile lokho, ngokuba impofu, futhi ikhathazekile ngayo, funa ikhale kuSimakade ngenxa yakho, lokho kube yisono kuwe."
I-Dutheronomi 24:14-15

Zinceku, hloniphani abangamakhosi enu ngokwenyama, ngokwesaba, ngokuthuthumela nangobuqotho behliziyo yenu, kube sengathi kukuKhristu. Ningathengi amehlo njengabathokozisa abantu; kodwa njengezinceku zikaKhristu, yenzani intando kaNkulunkulu ngenhliziyo. Khonzani ngenhliziyo ephelele kungathi nikhonza iNkosi, hhayi abantu, nazi ukuthi yilowo nalowo owenza okuhle uzakwemukela okunjalo eNkosini, noma ngabe uyinceku noma ungokhululekileyo.

Nani makhosi, yenzani kanjalo ezincekwini, niyeke ukuzisongela, nazi ukuthi iNkosi yazo neyenu isezulwini, nokuthi kuyo akukho ukukhetha umuntu.
I-Kwabase-Efesu 6:5-9

Olonda umkhiwane uyakudla izithelo zawo; novikela inkosi yakhe, uyakuhlonishwa.
I-Zaga 27:18

6 Yiba nesikhathi sokuphumula

Esimeni sasemsebenzini sanamhlaje esinokuqhudelana kuba nesilingo sokusebenza kanzima nokuba yingxenye yomjaho wamagundane ongafiyeleli esiphelweni. Ekugcineni ungaze wazinika isikhathi sokuphumula bese uqala ukuzizwa unecala uma uzibona ungasebenzi.

Isigqi somsebenzi esinamakhefu avamile okuphumula sasungulwa ngenkathi uNkulunkulu edala umhlaba. Ngokuzivumela ukuba uphumule, uyavuma ukuthi awusona isigqila somsebenzi.

Labo abangawunaki lo mgomo ngeke bakwazi ukufika ezingeni lokusebenza ngokunenzuzo enkulu. UNkulunkulu usibekela isibonelo ukuze sisilandele.

Kwase kuyapheleliswa ukudalwa kwezulu nomhlaba nakho konke okukukho. Kuthe ngosuku lwesikhombisa uNkulunkulu esewuqedile wonke umsebenzi ayewenza, wayesephumula. Ngakho-ke uNkulunkulu walubusisa usuku lwesikhombisa walungcwelisa, ngokuba ngalo uNkulunkulu waphumula kuwo wonke umsebenzi ayesewudalile, wawenza.
I-Genesisi 2:1-3

"Uyakusebenza izinsuku eziyisithupha, uphumule ngosuku lwesikhombisa, ukuze inkabi yakho, nembongolo yakho kuphumule, nesigqila esizalelwe kwakho, nogogobele kwakho bahlunyelelwe."
I-Eksodusi 23:12

"Uyosebenza izinsuku eziyisithupha, uphumule ngosuku lwesikhombisa. Uyophumula ngisho nangesikhathi sokulima nesokuvuna."
I-Eksodusi 34:21

"Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise. Uyosebenza ngezinsuku eziyisithupha, uwenze wonke umsebenzi wakho, kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaSimakade, uNkulunkulu wakho; awuyukwenza msebenzi ngalo, wena nendodana yakho, indodakazi yakho, inceku yakho, incekekazi yakho, imfuyo yakho, nomfokazi ogogobele emzini wakho, ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uSimakade wenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho, waphumula ngosuku lwesikhombisa, ngalokho uSimakade walubusisa usuku lwesabatha, walwehlukanisela ukuba lube ngcwele."
I-Eksodusi 20:8-11

7 Sebenzela uNkulunkulu ngemali oyitholayo

Imali nalokho esinakho esikutholayo kungokwethu ngomusa kaNkulunkulu ngakho-ke kungokwakhe. EThestamente Elidala abantu bakaNkulunkulu babe ngaphansi kwesibopho sokubeka eceleni okweshumi emiholweni yabo ngomsebenzi kaNkulunkulu. EThestamente Elisha siyanxuswa ukuba sinikeze iminikelo yethu sikhululekile nangenhliziyo ejabulileyo.

“Uyonikela okweshumi kwezithelo zonke zembewu yakho, ezivela ensimini unyaka nonyaka. Uyokudla phambi kukaSimakade uNkulunkulu wakho endaweni ayoyikhetha ukuba igama lakhe lihlale kuyo, okweshumi kokusanhlamvu kwakho, okwewayini lakho, okwamafutha akho, okwamazibulo ezinkomo zakho, nokwezimvu zakho, ukuze ufunde ukumesaba njalo uSimakade uNkulunkulu wakho.”

_____ IDutheronomi 14:22-23

“Kepha, maye, kini baFarisi, ngokuba nikhipha okweshumi kweshaladi nopelepele, nazo zonke izinhlobo zemifino, kodwa nibushaya indiva ubulungiswa nokuthanda uNkulunkulu. Lokho-ke bekufanele nikwenze, kodwa ningaziyeki nezinye.”

_____ NgokukaLuka 11:42

UJesu wayesehlala phansi, maqondana nomphongolo womnikelo, wayebuka ukuthi isixuku sinikela kanjani umnikelo emphongolweni. Abanengi abacebileyo babenikela kakhulu. Kepha kwafika umfelokazi ompofu wanikela ngamafadingi amabili, okuyisitebela. Wayesebiza abafundi bakhe, wathi kubo: “Ngiqinisile ngithi kini: lo mfelokazi ompofu unikele kakhulu kunabo bonke abanikele emphongolweni, ngokuba bonke bacaphune kokuningi abanakho banikela, kodwa lo mfelokazi ekusweleni kwakhe, unikele ngakho konke anakho, konke abephila ngakho.”

_____ NgokukaMakhu 12:41-44

Kepha nakhu: ohlwanyela ingcosana uyakuvuna ingcosana, nohlwanyela kakhulu uyakuvuna kakhulu. Ngakho-ke yilowo nalowo makanikele njengalokhu enqumile enhliziyweni, kungabi ngokudabuka noma ngokucindezelwa, ngokuba uNkulunkulu uyamthanda onikela ethokoza. UNkulunkulu unamandla okuninika umusa wonke uchichime, ukuze nithi ninokwaneleyo ngezikhathi zonke, nichichime emisebenzini yonke emihle. Njengokuba kulotshiwe ukuthi:

“Uyahlaphaza, aphe abampofu, ukulunga kwakhe kuhlala kuze kube phakade.”

_____ 2 KwabaseKhorinte 9:6-9

8 Vuma ukusebenzela umphakathi

Ukulandela ingcebo nokuchuma akufanele kube yizinhloso zethu ezibaluleke kakhulu. NgokweBhayibheli, uNkulunkulu uyabubusisa ukuze sinakekele labo abangakwazi ukuzinakekelela bona. UNkulunkulu ubeke abahluphekayo, abagulayo, izintandane, abafelokazi kanye nabafokazi ngaphansi konakekelo lwethu. Uyokwahlulela ukholo lwethu ngendlela esibaphatha ngayo. Umsebenzi wethu kubantu ungaphezulu kokwenza ubudlelwane nomphakathi. Kufanele kube umfanekiso womsebenzi kaNkulunkulu oyiqiniso kanye nokwethembeka.

Ningakhohlwa ukwenza okuhle nokwabelana, ngokuba uNkulunkulu uyathokoza ngeminikelo enjalo.

_____ KumaHebheru 13:16

“Uma uvuna isivuno sakho ensimini, bese ukhohlwa yisithungu ensimini yakho, ungabuyeli ukuyosilanda, kodwa masibe ngesomfokazi, intandane, nomfelokazi ukuze uSimakade uNkulunkulu wakho akubusise kuyo yonke imisebenzi yezandla zakho. Lapho ugxoba umnqumo wakho, ungabuyeli ugxobe amagatsha ngokwesibili, kepha lokho makube ngokomfokazi, intandane, nomfelokazi. Uma uvuna okwesivini sakho, awuyukukhothoza futhi, kodwa lokho makube ngokomfokazi, intandane, nomfelokazi. Uyokhumbula ukuthi wawuyisigqila eGibhithe, ngalokho ngiyakuyala ukuba wenze lokhu.”

_____ IDutheronomi 24:19-22

“INKosi iyakuthi kwabangakwesokunene sayo: ‘Zanini nina enibusiswe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo, selokhu kwasekelwa umhlaba. Ngokuba ngangilambile, nangipha ukudla; ngangomile, nangiphuzisa; ngangingumfokazi, nangingenisa; ngihamba ze, nangembathisa; ngangigula, nangihambela; ngangisejele, nangivakashela.’

“Khona abalungileyo bayakuyiphendula, bathi: ‘Nkosi, sakubona nini ulambile, sakupha ukudla; noma womile, sakuphuzisa na? Sakubona nini ungumfokazi, sakungenisa ezindlini zethu; noma uhamba ze, sakwembathisa na? Sakubona nini ugula, noma usejele, sakuvakashela na?’

“INKosi iyakuphendula, ithi kubo: ‘Ngiqinisile ngithi kini, njengokuba nakwenza lokho kulaba bafowethu abancane, nakwenza kimi uqobo.’”

_____ NgokukaMathewu 25:34-40

Ukukholwa okumhlophe nokungangcolisiwe phambi kukaNkulunkulu uBaba yilokhu: ukuhambela izintandane nabafelokazi osizini lwabo, nokuba umuntu azigcine engenacala lokwezwe.

_____ EkaJakobe 1:27

9 Khokha izintela zakho

Onomusa kompofu wetsheleka uSimakade; uyakuthola umvuzo.

IZaga 19:17

Ovala indlebe ekukhaleni kwabampofu, naye uyokhala angaphendulwa.

IZaga 21:13

Uthando silwazi ngalokhu ukuthi Yena wakudela ukuphila kwakhe ngenxa yethu. Kanjalo nathi sifanele ukudela ukuphila kwethu ngenxa yabazalwane. Kepha uma umuntu enengcebo yezwe, bese ebona umzalwane wakhe eswele, angamenzeli sihawu, uthando lukaNkulunkulu lungahlala kanjani kuye na?

1 KaJohane 3:16-17

IBhayibheli licacisa ngokusobala ngodaba lokukhokha intela. Ngoba amaJuda ayengaphansi komthetho wamaRoma, udaba lwentela ngezikhathi zeThestamente Elisha kwakuwudaba oluvusa uhlevane kakhulu kwezombusazwe. Nokho-ke, ngisho nangalesi sikhathi ilungelo likahulumeni lokuqoqa intela lemukelekile kuKhristu ngenkathi ebakhumbuzwa ngesikhathi esifanayo ukuthi sinesibopho kuNkulunkulu.

Bamqaphela, base bethumela izinhloli ezazizenza abalungileyo ukuba zimhile ngakushoyo, ukuze bamnikele kumbusi nasegunyeni lesiphathimandla. Zambuza-ke zathi: “Mfundisi, siyazi ukuthi ukhuluma futhi ufundise okulungileyo, awukhethi buso bamuntu, kodwa ufundisa indlela kaNkulunkulu ngokweqiniso. Sivunyelwe yini ukuba sithole intela kuKhesari noma qha na?”

Kepha uJesu eqonda ubuqili babo, wathi kubo: “Ngikhombiseni udenariyu; umfanekiso nombhalo kabani okuwo na?”

Bathi: “OkaKhesari.”

Wayesethi kubo: “Ngakho-ke nikani uKhesari okukaKhesari, noNkulunkulu okukaNkulunkulu.”

NgokukaLuka 20:20-25

Yingakho nithela intela, ngokuba bayizikhonzi zikaNkulunkulu ezikukhuthalele lokho. Nikani bonke okubafaneleyo: intela kofanele intela; inkokhelo kofanele inkokhelo; ukwesaba kofanele ukwesatshwa; udumo kofanele udumo.

KwabaseRoma 13:6-7

10 Sebenzela ingcebo yeqiniso

Abantu abaningi babona ukunqwabelana kwengcebo nezinto abanazo njengenjongo enkulu empilweni. Nokho-ke, iBhayibheli lisifundisa ngokucacile ukuthi ingcebo enjalo ingedlulayo. Ingozi ukuthi ukulangazelela izinto eziphathekayo kungagwinya izimpilo zethu uma singaqaphele. Ngeke sakwazi ukusebenzela amakhosi amabili, uNkulunkulu nengcebo. Kufanele sisebenze njengokufuna kukaNkulunkulu ngathi kanye nokuthola ingcebo yeqiniso engadluli. IBhayibheli lokhu likubiza ngokugcinwa kwengcebo phezu ezulwini. Uma sibeka uNkulunkulu ekuqaleni kukho konke esikwenzayo, izidingo zethu zansuku zonke ziyonakekelwa.

“Akekho ongakhonza amakhosi amabili. Ngokuba uyakuzonda enye, athande enye; noma abambelele kwenye, ayedelele enye. Ningeke nakhonza uNkulunkulu noMama.”

NgokukaMathewu 6:24

“Ningazibekelile ingcebo emhlabeni, lapho inokoniwa khona yinundu nokugqwala, nalapho amasela efohla khona, ebe. Kepha zibekeleni ingcebo ezulwini, lapho inundu nokugqwala kungoni khona, nalapho amasela engafohli khona, ebe. Ngokuba lapho kukhona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho iyakuba khona lapho.”

NgokukaMathewu 6:19-21

“Ngakho-ke ningakhathazeki nithi: ‘Siyakudlani?’ noma: ‘Siyakuphuzani?’ noma: ‘Siyakwembathani na?’ Ngokuba konke lokhu kufunwa ngabezizwe; ingani uYihlo wasezulwini uyazi ukuthi niyakudinga konke lokhu. Kodwa funani kuqala umbuso wakhe nokulunga kwakhe, yikhona konke lokhu kuyakwenezelwa kinina.”

NgokukaMathewu 6:31-33

*Ubusiwe umuntu othola ukuhlakanipha,
nomuntu ozuza ukuqonda,
ngokuba inzuzo yakho
yinhle kunenzuzo yesiliva;
nenzuzo yakho kunegolide.
Ukuhlakanipha kuyigugu kunamarubhi,
nakho konke okunxanelekayo akunakuqhathaniswa
nakho.*

Izaga 3:13-15

Bayale abacebileyo kuleli lizwe lamanje ukuba bangazikhukhumezi, bangathembeli engcebeni ephelayo, kodwa bathembele kuNkulunkulu osipha konke, ukuba sithokoze ngakho. Bayale ukuba benze okuhle, bacebe ngokwenza imisebenzi emihle, baphane, futhi babelane. Ngalokho bazibekela isisekelo esihle sesikhathi esizayo, ukuze bazuze ukuphila okuyikho.

1 KuThimothewu 6:17-19

Niphonse izinkathazo zenu zonke phezu kwakhe, ngokuba uyanikhathalela.

1 KaPhethro 5:7

Ningakhathazeki ngalutho, kodwa kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngomkhuleko, ngokunxusa nangokubonga. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakuzilondoloza izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKhristu uJesus.

Elokugcina, bazalwane, konke okuyiqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okumhlophe, konke okuthandekayo, konke okutusekayo, uma kukhona okuhle, noma okubongekayo, zindlani ngakho. Enakufunda, nakwemukela, nakuzwa, nakubona kimi, kwenzeni konke lokho; uNkulunkulu wokuthula uyakuba nani.

KwabaseFiliphi 4:6-9

Imihlahlandlela yomsebenzi wethu wansuku zonke

EBhayibhelini sithola imihlahlandlela yokuphila ngendlela enesithunzi, njengoba uNkulunkulu efuna senze njalo. Lisitshela ukuthi singazibona kanjani izibusiso zikaNkulunkulu kuleso naleso sibonakaliso sezimpilo zethu.

Le ncwajana yokukhethiweyo eMibhalweni Engcwele inikeza imihlahlandlela eyi-10 esenza ukuba senze umsebenzi wethu wansuku zonke ngendlela emjabulisayo uNkulunkulu futhi isiqinisekisa ngezibusiso zakhe:

1. *Thembela kuNkulunkulu*
2. *Sebenza kanzima*
3. *Thembela*
4. *Yeneliswa*
5. *Khuthaza ubudlelwane obuhle*
6. *Yiba nesikhathi sokuphumula*
7. *Sebenzela uNkulunkulu ngemali oyitholayo*
8. *Vuma ukusebenzela umphakathi*
9. *Khokha izintela zakho*
10. *Sebenzela ingcebo yeqiniso*

Sengathi uNkulunkulu angakubusisa ngokwengeziwe usafuna ukumbonga nganoma yisiphi isikhundla okuso nanoma ngamuphi umsebenzi owenzayo. Njengezisebenzi ezethembekile emfanekisweni, sengathi ungaba nenjabulo yokuzwa amazwi eNkosi:

“Inkosi yakhe yathi kuye: ‘Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni eziyingcosana; ngizakukubeka phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho.’ ”

_____ NgokukaMathewu 25:21

Ukuzibophezela kwami

Mina.....
ngibonga uNkulunkulu ukuthi nginenhlanhla yokusebenza.

Ngifuna ukwenza umsebenzi wami wansuku zonke ngendlela ekabili yokuthokozisa uNkulunkulu futhi ingiqinisekise ngesibusiso sakhe.

Ngokusizwa uNkulunkulu ngakhoke ngiyazibophezela kumimihlahlandlela eyi-10 elandelayo eseBhayibhelini, ebekwe kule ncwajana.

Isayinwe:

Usuku:



Ishicilelwe yasatshalaliswa
yi-Bible Society of South Africa.
www.biblesociety.co.za



BibleSA.co.za

BibleSA
Download our Bible apps here.